# Isifundazwe sami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda


1. Bala imibala oyibona ekhasini lokuqala.
2. Zingakhi izifundazwe zaseNingizimu Afrika?




EXTRACT PAGES

Izwe laseNingizimu Afrika linezifundazwe eziyisi-9. UNtinginono inyoni yesizwe usethulela abantwana abahlala ezifundazweni ezehlukene.

Zingakhi izifundazwe zaseNingizumu Afrika? Wena uhlala kusiphi isifundazwe?




Sanibonani lapha kusekhaya likaNandi. Uhlala KwaZulu-Natali. Esifundazweni sakhe bakhuluma isiZulu kakhulu, kunezimpophoma, izintaba, ulwandle nokunye.

UNandi uhlala kusiphi isifundazwe? Ingabe iziphi ezinye izilimi ezikhulunywa KwaZulu Natali.

EXTRACT PAGES




EXTRACT PAGES

Lapha kuhlala uLutho waseMpumulanga Koloni. Lapha ulimi oluvame ukukhulunywa isiXhosa futhi kunogu oluhle.

Bakhuluma luphi ulimi eMpumalanga Koloni? ULutho uthi yini enhle esifundazweni sakhe?



EXTRACT PAGES

Igama lami nginguLesedi ngihlala eFrestata ulimi oluvamile ukukhulunywa lapha isiSotho. Uma sibingelela sithi, dumela.


Ubani ohlala eFrestata? Ngabe uma ubingelela abantu abaningi uthini ngesiSotho?



EXTRACT PAGES

Abusheni! Mina nginguKgothatso ngingowase Limpopo, ulimi oluvame ukukhulunywa kulesi sifundazwe iSipedi.

Abantu abahlala kusiphi isifundazwe abavamise ukubingelela bathi "Abusheni?" Ngabe ukhona umuntu ongumPedi omaziyo. Mubingelele




EXTRACT PAGES

Dumela. NginguTshepo, ngihlala esifundazweni iNyakatho Ntshonalanga. Ngikhuluma isiTswana.

Kukhona yini okuthandayo ngesifundazwe saseNyakatho Mpumalanga? Ungazizwa kanjani unabangani abahlukene njengoNtinginono?

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Bukani izithombe kule ndaba nixoxe ngenikubonayo.
2. Sixoxele ngalokho okuthanda ngeNingizimu Afrika?



EXTRACT PAGES

Izwe iNingizimu Afrika izwe elicebile ngokumbiwa phansi futhi linezimayini ezifundazweni ezahlukahlukene.

Izwe iNingizimu Afrika licebe ngani? Ungazizwa kanjani uma ungathola ngedayimane.



EXTRACT PAGES

Izwe lethu lineculo lesizwe. Ngonyaka ka-1997 leli culo balenza laxuba izilimi. Leli culo libe uphawu lobumbano ezinhlangeni ezininingi.

Iculo lesizwe libe uphawu lwani? Ingabe uyalazi na iculo lesizwe? Licule.



EXTRACT PAGES

Uyamazi umsunguli weculo lesizwe? Wayaziwa njengomqambi wamaculo futhi enguthisha wolimi lwesiXhosa. Uyamazi? Wabhala waqamba iculo lesizwe. Ubani leli qhawe?


Ingabe wayengumuntu onjani lo owayebhala leli culo lesizwe? Yini lena ayidlala ngezandla zakhe?



Sinezinhlobo zomculo esizithokozelayo. Sinamasiko ahlukene futhi. Umculo wendabuko, ubuciko, nemisebenzi yezandla iyaqhubeka nokufundisa isiko lesimanje.

EXTRACT PAGES

Kungani kumele kufundiswe ngemiculo yakudala neyamanje? Iziphi izinto ezisetshenziswayo uma ucula?


EXTRACT PAGES

Uyayazi iNkosi yamaZulu eyanqoba izimpi yathuthukisa isizwe samaZulu? Yayaziwa njengenkosi ehlakaniphile enobuchule. Ubani leyo nkosi?

Kungabe uyawazi amakhosi akwaZulu? Ngiyazibuza ukuthi ngabe impilo injani ukube asekhona.



EXTRACT PAGES

Lelizwe linabaholi abahlukahlukene abadlala indima enkulu ukuqinisekisa ukwakheka kobumbano esizweni sonke. Uyabazi? Babale.

Yisho abaholi abahlukahlukene abadlale indima enkulu ekuqinisekisa ukwakheka kobumbano esizweni sonke.